


Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English/isiZulu

Mfumfu 2021 Ushicilelo 2



COVID-19 is real, says ICU doctor

Page 4



STAY SAFE

VACCINATE TO SAVE SOUTH AFRICA

TOGETHER WE CAN BEAT THE CORONAVIRUS



Orefile Mthombeni blazes a trail in aviation

Page 9

SA to roll out vaccine certificates



President Cyril Ramaphosa has announced that the Department of Health will soon roll out a vaccine cer-

tificate as proof that residents have been vaccinated against the Coronavirus Disease (COVID-19). Addressing the nation

recently, the President said the digital pass system could be used to show vaccination status to facilitate travel, access to establishments,

gatherings and other forms of activity.

“Our approach is informed by World Health Organisation guidelines and is in line with

international best practice. Streamlining and standardising proof of vaccination will also go a long way towards getting a number of international travel restrictions both from and into our country eased,” he explained.

The President also announced that the country would move from Adjusted Alert Level 2 to Adjusted Alert Level 1 after it exited the COVID-19 third wave.

“Getting vaccinated is not only about protecting yourself and those around you; it is also about preventing new and more dangerous variants from emerging.

The virus can spread and mutate in unvaccinated populations,” President Ramaphosa said.

However, he urged South Africans to continue to adhere to the basic precautions to limit the spread of the virus, even if they have vaccinated.

Economic recovery

President Ramaphosa said the country’s priority is economic recovery to make room for job creation and help businesses hard hit by the pandemic get back on their feet.

“The only way that we can

Cont. page 2



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:




Search for SA Government on Google playstore or appstore

CONTACT US

 Vuk'uzenzele  @VukuzenzeleNews

Website: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO
SIHAMBAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



Ukuqedwa kwenkohlakalo kuhulumeni

Ukuvela obala ePhalamende ukuthi abasebenzi abayizinkulungwane bakahulumeni bebethola ngokungemthetho izibonelelo zikahulumeni nyanga zonke kubonisa ukuthi iseyinde indlela esisazoyihamba ekugcizeleleni usiko lokuziphatha kuhulumeni.

Ekuqaleni kwalo nyaka, kwatholakala ukuthi babalelwa kwizi-16 000 abasebenzi abaholelwa nguhulumeni abakhokhelwa kungafanele iSibonelelo Sokusiza Abakhahlanyezwe yi-COVID-19. Akekho ongazi ukuthi labo abafaka izicelo abanemali abayitholayo engxenye abafanelekile ukuthola lesi sibonelelo. Futhi kuyazicacela bha ukuthi labo abathola imali kuhulumeni akufanele bafake izicelo.

Kodwa-ke bakwenza lokho. Abanye abantu abayizi-17 000 abaqashwe kuhulumeni kazwelonke nasezifundazweni bathumela izicelo ngethemba lokwengezela imihlo yabo ngemali ebekelwe labo abantulayo. Ngokubheka isidingo ezweni, leso abasebenzi bakahulumeni abasaziyo nabo kamhlophe, le nhloso yamabomu yokweba imali kahulumeni ayixoleleki.

Uhulumeni manje uthatha igxathu lokuzama ukugwema lolu hlobo lokuhlukumeza futhi uzolwisana nanoma ngubani osemkhakheni kahulumeni obandakanyeka kulesi senzo esibi.

Kamuva-nje, uhulumeni wethule uPhiko olusha Olusiza Ngokuziphatha, Ubuqotho kanye Nokuqondiswa Kwezigwegwe. Loluphiko luzokwakha amandla ezinhlakaneni zikahulumeni ukuqhuba izinqubo



zokuqondiswa kwezigwegwe emacaleni okungaziphathi kahle futhi lusebenzisane nezinye izinhlobo zikahulumeni ekujeziseni labo ababandakanyekayo.

Lolu phiko luzodlulisela amacala enkohlakalo kwiThimba Likahulumeni Elilwisana Nenkohlakalo bese lilandelela neminyango ukuqinisekisa ukuthi amacala obugebengu abandakanya abasebenzi bakahulumeni agcina ekuqondisweni kwezigwegwe. Ngokusebenzisana nesikhungo i-Fusion Centre, loluphiko luzosiza ukuthola abasebenzi abasemacaleni aseqhulwini ukuthi baphenywe yiziphathimandla zomthetho.

Lolu phiko luzoqapha ukuqhuba kwenqubo yokuhlolwa kwendlela yokuphila yabasebenzi bakahulumeni. Lapho iminyango ithola inkohlakalo kanye nomcebo ongachazeki uphumaphi, lawo macala azodluliselwa kwaboPhiko Lwamaphoyisa eNingizimu Afrika.

Uphiko olusha seluwuqale ngobuqotho umsebenzi walo, ngokusiza ukuthola abasebenzi bakahulumeni

ababandakanyeka emacaleni ahlobene nokuthengwa kwezinsiza ze-COVID-19, isibonelelo esikhethekile se-COVID-19 kanye noku-khwabaniswa kweSikhwama Somshwalense Wabalahlakelwe Umsebenzi.

Amacala abasebenzi bakahulumeni adluliselwe kuPhiko Lwamacala Akhethekile ukuze kuthathwe izinyathelo zokuqondiswa kwezigwegwe azoqashwa yilolu phiko olusha ukuhlolisisa inqubekela-phambili yawo.

Olunye uhlangothi olubalulekile lwalolu phiko kuzoba ukusungula izikhungo zokuziphatha nokuthembeka ezikhundleni zikahulumeni. Abasebenzi bakahulumeni abambalwa eminyakeni eyedlule bebecabanga ukuthi ukwenza ibhizinisi noma ukuzuza ngokungafanele kuHulumeni kuvumelekile kubona, kubangani babo kanye nakwimindeni yabo, uma nje kungaphulwanga umthetho. Kumele senze konke okusemandleni ukushintsha le ndlela yokucabanga.

Njengoba sisebenza ukuqeda nya inkohlakalo, kumele sigxile ngokulinga-

nayo ekuziphatheni kahle, ngoba into esemthethweni ingaba ngokungaziphathi kahle futhi ingamukeleki ukuthi yenziwe ngumsebenzi kahulumeni.

Uphiko olusha luzomisa izinkambiso nezindlela zezimiso zokuziphatha, ubuqotho kanye nokuziphatha. Luzophinde lunike amandla iminyango ukuthi iqondise izigwegwe izikhulu zikahulumeni ezilahlwe ngamacala okungaziphathi kahle. Ngonyaka odlule babangaphezu kwama-200 abasebenzi abaqeqeshwa njengabaphathi kanye nabaholi.

Ukwakha umbuso onezimiso zokuziphatha, futhi okhonayo kuyaqhubeka nokuba yinto okugxilwe kuyona.

Njengoba kuvuke amahlazo amaningi abandakanya abasebenzi bakahulumeni abazuze ngokungemthetho, umsebenzi uzobanzima futhi uzothatha isikhathi esijana. Noma kunjalo sizinikele ukuyifeza le ndima.

Umbuso okhonayo uyisisekelo sokuthola konke okubalulekile kwezwe lethu. Ngaphandle kokwenza ngcono indlela yokuziph-

ndulela kanye nokugqungquzela ukuziphatha ngokwezimiso, akukho esizophumelela kukho.

Iningi labasebenzi bethu bakahulumeni lizinikele, lithobela umthetho futhi linezimiso zokuziphatha.

Umsebenzi osasimele ukuthi sisebenze ngokubambisana sivundulule labo abangenzi njalo, bese silungisa lo mqondo wokuthi bonke labo abasebenza kuhulumeni bangogombela kwesabo noma banenkohlakalo.

Ngihlaba ikhwelo kuwona wonke amadoda nabesifazane abasebenzela izwe lakithi nsuku zonke ukuthi baphinde bazinikele ezimisweni zokungazibeki bona phambili kanye nokuletha izinsiza, nokukhumbula ukuthi ukuziphatha kwabo kumele ngazo zonke izikhathi kube ngokomthetho futhi nangokwezimiso zokuziphatha.

Ukusungulwa kwalolu phiko kungenye yezindlela esisebenza ngayo ukuqeda inkohlakalo kuhulumeni futhi nakanjani kuyo yonke imikhakha yempilo yaseNingizimu Afrika.

Partnerships tackle gangsterism

Silusapho Nyanda

Former gang leader Welcome Witbooi (38) has warned parents to monitor their children closely and spend enough time with them to keep them away from gangs.

"It's the small details parents must pay attention to. Suddenly coming home late is one of the critical signs. If your child is suddenly buying a cell phone or sneakers, you should be concerned and take immediate action," he says.

Witbooi joined a gang at the age of 12. He says when The Firm, a gang that no longer exists, was recruiting him, it offered him the promise of a family structure.

Witbooi came from a



Gangster turned motivational speaker Welcome Witbooi helps keep children away from being gang members.

single grandmother-headed home.

"Before the gang recruits you, they know your family situation. If a parent interacts with their children, the

gang can't influence the child," says Witbooi, who has formed BrightSpark Foundation SA to help youth stay away from gangs.

Adults play a crucial role in ending gang activity in their neighbourhoods.

Western Cape Anti-Gang Unit (AGU) Acting Commander Colonel Karl Wienand says the unit has formed partnerships, through community engagement programmes, to curb organised crime in the province.

The AGU engages with community members, non-governmental organisations that fight social ills, such as drug use.

The organisation also works with community policing forums and neighbourhood watches.

"This helps us learn about the areas and individuals we should be looking at. In cases where people are not able to speak freely, they

contact us directly and we meet them in a discreet and secure manner," Wienand says.

The unit has 189 members conducting operations in the Western Cape, 132 in the Eastern Cape and 78 in Gauteng.

The AGU has also formed strong partnerships with various law enforcement bodies, including the Asset Forfeiture Unit, National Prosecuting Authority and the SAPS' Detective Services. Together they have seized guns used by drug dealers.

Community members can report crime at the nearest police station or by calling **10111**. To contact the Western Cape AGU, call 071 673 1615. To contact the BrightSpark Foundation, call **064 384 7360**.

Qinisekisa ukuthi unencwadi yefa!

Uma ungenayo incwadi yefa eqinisekisiwe, angeke ube namandla okulawula ukuthi ngubani ozozuza amafa ezimpahla zakho uma ushona. Lokhu kungaholela ekutheni abantu bazuze ifa lakho okungaba imali noma izimpahla, noma ngabe ubungafuni ukuthi kwenzeke.

Uma umuntu eshona engayibhalanga incwadi yefa lakhe, izimpahla abenazo zizokwabiwa ngokomthetho obizwa phecelezi nge-*Intestate Succession Act*, kulabo bantu abanelungelo lokuthi bazithole njengefa.

Lo Mthetho ubeka izimiso zokuthi ifa kumele labiwe kanjani. Labelwa izihlobo zegazi kuqala, ngendlela ethile yokulandelayo:

- Uma ushiye umuntu oshade naye kuphela, umlingani wakho nguyezozodla ifa lonke.
- Uma ungenaye umuntu



oshade naye futhi kusala kuphela abantwana bakho, yibona abazodla ifa ngezabelo ezilinganayo.

- Uma ushiye oshade naye nezingane, oshade naye uzothola isabelo sengane noma izi-R250 000, noma yikuphi okukhulu, bese izingane zabelana ngenemali esele. Isibonelo nje, uma ifa lingabiza izigidi ezi-R2 futhi umufi eshiye owakwakhe nezingane ezintathu, inani lesabelo sengane ngayinye lililinganiselwa kuzi-R500 000. Isabelo sengane sibalwa ngokuhlukanisa inani kane.
- Uma ungenaye umlingani noma izingane, kodwa

bobabili abazali besaphila, bazodla ifa ngezabelo ezilinganayo. Uma umzali oyedwa eshonile, kepha eshiye abafowabo nodadewabo, umzali osele uzothola isigamu sengxenye yefa kanti inzalo yomzali oshonile izothola enye ingxenye.

- Uma bobabili abazali bakamufi sebashona, kodwa bashiya abantwana, ifa lihlukaniswa libe izingxenye ezilinganayo.
- Uma umufi engashiyanga owakwakhe, abantwana, abazali noma uzalo lwabazali, isihlobo segazi esisoduze sizodla ifa lonke.
- Okokugcina, uma umufi engashiyanga ngisho isi-

hlobo, uMbuso yiwo oqhubeka udle ifa.

Ukwengeza kokungenhla, ingane ezalwe ngaphandle komshado ingathola ifa kubo bobabili ubudlelwano begazi; futhi ingane yokutholwa ithathwa njengozalo lomzali noma lwabazali labo abamthola.

Isebenza nini ngokusemthethweni incwadi yefa?

Incwadi yefa iba semthethweni kuphela uma yenziwe ngumuntu oneminyaka eyi-16 ubudala noma ngaphezulu, futhi kufanele ihambisane nalezi zidingo ezilandelayo:

- Kumele ibhalwe phansi, futhi isayinwe kuwo wonke amakhasi kanye nasekugcineni.
- Kumele isayinwe phambi kofakazi ababili noma ngaphezulu abanekhono. Noma ngubani oneminyaka eyi-14 ubudala kanye nangaphezulu angabangufakazi. Indlalifa angeke neze ibe ngufakazi.
- Kumele ufake iminini-

ngwane ephelele yamafa akho kanye nokuthi ngobani ofuna ukubashiyela wona, okufaka phakathi amagama kanye neminingwane yabo.

- Kumele ukhethe umuntu ozophatha ifa lakho (umabi wefa). Lo muntu akakwazi ukuba yindlalifa.
- Kumele usho ukuthi kufanele kwenzekeni efeni lomzuzi oseyingane.
- Uma kunguwena kuphela umbheki wengane encane, isho ukuthi ngubani okufanele aqokwe njengombheki wengane.
- Kumele uqinisekise ukuthi incwadi yamafa yangempela esayiniwe igcinwa iphephile, ngoba okungeyona eyangempela ayisebenzi.

Lolu lwazi luhlinzekwe yi-Hhovisi le-Ombud for Financial Services Providers njengelunguleKomidi Likazwelonke Lemfundo Yezi-mali Zabathengi.